

**INKULUMO EYETHULWA UMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA**  
**NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES**  
**MCHUNU EMCIMBINI WOBHAQA NETWORKS, E-CHESTERVILLE**

10 September 2013

Mphathi wohlelo;  
Ubuholi boBhaqa Networks;  
Abamele uMkhandlu weTheku;  
Izinhlangotho zabantu abasha;  
Ubuholi be-ANC;  
Umphakathi wonke ngiyabingelela.

Mphathi wohlelo ngiyabonga ukuba ngithole leli thuba eliyinqayizivele lapho sibhunga khona ngezinto ezithinta ngqo ikusasa labantu abasha. Ngifisa ukuqala ngokubona ubuholi benhlangotho uBhaqa Networks ngokuthi bube nombono ojulile mayelana nokuhlela ikusasa labantu abasha bakule ndawo.

Ukuza kwami lapha akungoba nginikwe umsebenzi wokuba nguMphathiswa kuHulumeni wesifundazwe noma ngoba ngiyiPhini likaSihlalo we-ANC nje kuphela, kodwa futhi kungenxa yokuthi njengomuntu wakhona la endaweni ngiyafisa ukubona intsha yakule ndawo iba nekusasa eliqhakazile.

Lokhu esihlangene ngakho kumqoka ngoba abantu abasha yibona abayikusasa laleli zwe, ngakho kumele bacijwe ngendlela efanele.

Yize isikhathi esiphila kuso manje sihluke kakhulu naleso thina esakhula ngaso kodwa imibono esabe siyimele futhi siyilwela, eminye yayo isafana futhi isadingeka namanje.

Sidinga intsha eqondayo ukuthi impumelelo ayifiki kalula kodwa idinga izithukuthuku noma ngabe kuthiwa kumele ubeke impilo yakho engcupheni inqobo nje uma kukhona okuhle ophokophele ukukuzuza nokukuzuzela izwe lakho.

Sidinga intsha enesibindi esifanayo nesakhonjiswa amaqhawe afana no-Hector Piterson, Andrew Zondo, Tseitsi Mashinini, Solomon Mahlangu kanye nabanye abaningi.

Laba ngabantu abasha abadela ubumnandi kodwa bazinikela ekutheni bakhulule leli zwe ngokuthi babe yingxenye yomzabalazo wenkululeko.

Lapha sikhuluma ngentsha eyabona ukuthi ukuze isizukulwane senu sikwazi ukuphila kahle sithole imfundo, kumele yona inikele ngempilo yayo, ifele ukuthi nina nibe nekusasa eliqhakazile.

Kumqoka ukuba nginikhumbuze amazwi akhulunywa nguSolomon Mahlangu ngaphambi kokuba alengiswe nguhulumeni wengcindezelo ngesikhathi yena namanye amasosha oMkhonto weSizwe bebuya ukuzoqhuba umzabalazo.

Wathi: “Igazi lami liyochelela isihlahla esiyothela izithelo zenkululeko. Nitshele abantu bami ukuthi ngiyabathanda. Baphokophele phambili nomzabalazo”.

Lamazwi amqoka ngoba asenza sonke sikhumbule ukuthi inkululeko esinayo namuhla yazuzwa nangokuchitheka kwegazi.

Lokhu kumqoka ngoba njengoba ngonyaka ozayo sizobe sihlanganisa iminyaka engu-20 kwazuzwa intando yeningi, kumele nikwazi ukubona njengabantu abasha ukuthi kungakanani osekuzuzwe yizwe lenu.

Kumele nihambe phambili ukuvikela yonke impumelelo yale minyaka engu-20 ngoba eminyakeni edlule izinto zabe zingenzeki nhlobo futhi amathuba eninawo namuhla ayengekho.

Sikhuluma nje uHulumeni usuvule amathuba kwezemfundo emazingeni aphezulu, wenza izikole eziningi emazingeni aphansi kwaba ngezamahlala, wahlinzeka ngokudla ezikoleni, wanikeza imifundaze -ukubala nje okumbalwa.

Intsha yamanje isikwazi ukuthola imisebenzi, isithola ukunakekelwa ngokwezempilo futhi ithole nokucijwa ngamakhono. Konke lokhu yizinto uHulumeni oholwa yi-ANC okwazile ukuzizuzisa kule minyaka edlule.

Kumele nina njengentsha eqwashile nikwazi ukuqondisa bonke labo abahlanekezela umlando benza zonke lezi zinto ezenzekile zifane nento engekho.

Kumele nikwazi ukuma nivikele imisebenzi eyenziwe yilabo abacabe indlela yokuthi namuhla niphile impilo engcono, lapha ngibala abantu abafana noMengameli wokuqala weNtando yeningi, uDkt Nelson Mandela.

Kumele nibe ngabokuqala ukuvikela isithunzi sikaMadiba futhi nilazi iqiniso lokuthi konke ayekwenza wayekwenza njengomholi ka-ANC. Ngakho awukwazi ukuthi ungahlukanisa uMadiba, imisebenzi yakhe noKhongolose.

Lokhu ngikusho ngiqonda kahle ukuthi ziseziningi izinselelo esibhekene nazo futhi liselide nebanga okusamele silihambe.

Yingakho uKhongolose uhlonze ukungalingani kwezomnotho, ububha kanye nokuntuleka kwemisebenzi njengezinto okumele kubhekwane nazo ngokushesha.

Njengobuholi be-ANC noHulumeni sikuqonda kahle ukuthi ingcindezi enkulu esibhekene nayo nebhekene nomhlaba wonke ngeyokudala amathuba emisebenzi ukuze intsha ihlomule.

Yingakho uHulumeni oholwa nguMengameli, uMsholozisi ubeke ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi phezulu eqhulwini.

Ngokuqonda ukuthi ngeke abantu abasha baqasheke kalula bengacijiwe, uhulumeni uthathe isinqumo sokusungula uMnyango weMfundo ePhakeme oholwa nguDkt Blade Nzimande.

Lo Mnyango wasungulwa ngenhloso yokuthi ukwazi ukunivulela amathuba ezikhungweni zemfundo ephakame futhi nithuthukiswe ngamakhono.

Yingakho uphinde wanikwa umsebenzi wokuvuselela kabusha izikhungo zokuqeqeshela amakhono, esithi ama-FET.

Konke lokhu okuyimizamo kaHulumeni kuzofana neze uma nina ningawabambi ngezandla zombili lamathuba. Sifisa ukubona intsha eqondayo ukuthi ikusasa lisezandleni zayo.

Ngakho kumqoka ukuba niqhelelane nezidakamizwa kanye nophuzo oludakayo ngoba konke lokho akubuyiseli kunalokho kuqeda ikusasa lenu.

Sifisa nina nibe yintsha eqondayo ukuthi ubugebengu nokuphatha izikhali akubuyiseli, kunalokho kubulala isizwe.

Intsha eyokwazi ukwakha leli zwe yintsha ebavikelayo abantu besifazane, hhayi edlwengulayo, ihlukumeze abantu besifazane abadala nezingane.

Kushayisa ngovalo ukubona intsha isiphenduke amakhehla incane futhi ikhombisa ukungazikhathaleli.

Kumele nibe ngamanxusa okuphepha, nibambisane namaphoyisa ukulwa nobugebengu nezidakamizwa emphakathini wangakini.

Kumele nihambe phambili ukubika bonke labo abadayisa izidakamizwa ngoba babulala isizwe esizoholwa yini kusasa.

Sengiphetha, njengoHulumeni sizimisele ukuhlangabezana nezidingo zabantu abasha futhi sibalekelele ukuthi bathuthuke babe ngabaholi bakusasa. Kodwa kukubona futhi ukuthi bavume ukusizwa ukuze sihlangabezane.

Masiphume sibambe iqhaza kuzo zonke izinhlelo zikahulumeni eziqondene nokusilekelela ezindaweni esihlala kuzona.

**Ngiyabonga**